education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## IPHEPHA LOKUQALA (P1)

## PREPARATORY EXAMINATION 2008

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATI: 1½ ihora**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-10.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa.

   ISIQEPHU B: Ukufingqa.

   ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi.

3. Abahlolwayo mabaphendule YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Abahlolwayo mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

5. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 Funda le ndatshana bese uphendula imibuzo engezansi.

Akuseyukuphinde nanini nanini ukuba kubekhona umuntu ocwasa, obandlulula okanye ohlukumeza omunye kuleli zwe. Ukukhanya kwaleli zwe akukhanyele wonke umuntu olakhele ngendlela efanayo. Lawa ngamazwi okufanele ngabe ankeneneza ezindlebeni zawo wonke umuntu owakhele leli. Amazwi ashiwo okhethekile kubo bonke abantu abakhona lapha emhlabeni wonke jikelele. Amazwi enanelwe aze ayonanelwa naphesheya kwezilwandle ngoba zonke izizwe ezikhona lapha emhlabeni jikelele zilingisa amaphuphu ezinyoni uma kukhuluma uMadiba.

Ukudiliza izidonga zobandlululo kwadingeka ukuba kubekhona abalifulathelayo leli zwe bayobhaca kwamanye amazwe ikakhulukazi angomakhelwane kuleli lase-Afrika. Kwabakhona nabanye abawelela ngaphesheya kwezilwandle. Abanye basala ngaphakathi kuleli baqoma ukuyibamba bukhoma. Nempela zagcina ziwile izindonga zobandlululo. Sekuwumlando ukuthi sekuphele iminyaka eyishumi nane kwatholakala inkululeko kuleli. Kula maqembuqembu aphuma ngezinkalo zonke, sengathi elabheka komakhelwane laba namandla amakhulu kakhulu, lelekelelwa kakhulu elalingaphakathi.

Kusobala ukuthi omakhelwane beNingizimu Afrika babamba iqhaza elikhulu ekuphumeleliseni umzabalazo wenkululeko. Kungani-ke sesikhohlwe amazwi ahlakaniphile athi izandla ziyagezana. Empilweni nje jikelele isondo liyaginqika kanti futhi isihlahla asinyelwa. Inkululeko sayithola ngendlela engakaze ibonakale emhlabeni wonke jikelele. Ayizange iklelelane nakuba yayibhekene ngeziqu zamelo.

Kukhona izimfundiso ezadunga imiqondo yabantu baseNingizimu Afrika ngesikhathi sobandlululo. Lezo ezokuthi leli akulona izwe lase-Afrika. Lokhu kwangena kwagxila kwabanye, kangangokuthi bazibona bengebona abantu abangamAfrika. Uyaye uzwe umuntu ethi uya e-Afrika uma eya eZambia noma eMalawi. Ingani nabebhola likanobhutshuzwayo bakhuluma ngokuthi siyodlala e-Afrika uma kukhona umdlalo oyodlalwa kwelinye lala mazwe ase-Afrika.

Kuliqiniso ukuthi sibonakala singconywana kunamanye amazwe lapha e-Afrika. Lokhu akusenzi sikwazi ukuzimela phaqa, siyawadinga la mazwe angomakhelwane ngezindlela eziningi ngoba kukhona izinto esingenazo nathi lapha. Into egqame kakhulu kulezo esingenazo amakhono. Ngikhuluma nje abaningi bethu bahlala ezindlini ezinezinto eziningi ezakhiwe yibona laba bantu abavela kula mazwe. Sibasebenzisa mihla le ekusenzeleni imisebenzi ethile esingakwazi ukuyenza. Ngaphezu kwakho konke lokhu umuntu ngumuntu ngabantu. Uma ngabe kukhona esingakuthandanga besingehlale phansi sikhulume njengoba senza sifuna le nkululeko.

Mhlawumbe indaba ilapha ekutheni asiyiqondi kahle inkululeko esayithola. Kusenomsebenzi omkhulu okufanele uHulumeni wethu awenze ukufundisa abantu bakuleli ukuthi isho ukuthini inkululeko. Kusobala ukuthi kukhona abantu abacabanga ukuthi inkululeko ifana naleso sasemandulo semana. Siyakhohlwa ukuthi kukhona umgomo wempilo othi indoda iyakuphila ngezithukuthuku zayo, ongeze waguqulwa ukutholakala kwenkululeko.

Kungeyekwe nokho ukusho ukuthi nabo abafowethu nodadewethu kufanele bangabe sebegcwaneka nabo kube sengathi kusekhaya. Awunumuzi emzini wenye indoda, uma uke wakhohlwa ukuthi akukhona kwakho ugcina usuchachaza. Kuyilungelo lakhe umnumzane womuzi ukukukhumbuza ukuthi kukwami lapha. Nabasemagunyeni nabo kufanele bakuqaphele ukuthi inhlalakahle yalabo bomnsinsi iyabhekelelwa. Shwele Mafrika!

1.1.1 Awuveze umehluko phakathi kokuhlukumeza nokucwasa. (2)

1.1.2 Kuqondwe ukuthini ngokukhanya lapha kule ndatshana? (2)

1.1.3 Umbhali wale ndatshana uyakholelwa ukuthi bonke abantu bayalalela futhi bakuthathe lokho okushiwo uMadiba. Caphuna amazwi asho lokhu kule ndatshana. (2)

1.1.4 Kuliqiniso noma akulona iqiniso ukuthi iqembu elalibhace emazweni angomakhelwane yilona elaba namandla ukwedlula amanye. Sekela impendulo yakho ngesizathu esiqinile. (3)

1.1.5 Umbhali wale ndatshana unenkolelo yokuthi ngelinye ilanga neNingizimu Afrika iyobuye iyocela usizo kula mazwe angomakhelwane. Caphuna isimo sokukhuluma esihambelana nale nkulumo. (2)

1.1.6 Ulisebenziseleni umbhali igama elithi: **ezadunga?** (2)

1.1.7 Ucabanga ukuthi umbhali ukusholani ukuthi abantu baseNingizimu Afrika kuliqiniso ukuthi **bangconywana** kodwa **abangcono**. (2)

1.1.8 Kule ndatshana kukhona lapho umbhali wayo esebenzise khona amazwi abengamelwa isimo sokukhuluma esithi**: insakavukela umchilo wesidwaba**. Awuwacaphune lawo mazwi. (2)

1.1.9 Ngabe uqonde ukuthini umbhali wale ndatshana uma ethi: amazwi afanele ngabe ankeneneza ezindlebeni zawo wonke umuntu? (2)

1.1.10 Tomula igama elisho umjuluko elikhona lapha endabeni. (1)

1.2 Bukisisa lesithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

1.2.1 Ucabanga ukuthi isisu sale ndoda sigxabhiswa yini? (2)

1.2.2 Yini esesithombeni ekhombisa ukuthi ngempela le ndoda ingumuntuongumlandeli webhola? (1)

1.2.3 Bhala izinto ezimbili ezibekwe ngemuva kwale ndoda. (2)

1.2.4 Yini lena okubonakala yenziwa yile ndoda engenziwa endlini ehleli kuyo? (2)

1.2.5 Ngabe kuliqiniso noma akulona iqiniso ukuthi le ndoda iyazama ukuzelapha. Sekela impendulo yakho. (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

2.1 Funda le ndatshana bese uyifingqa ngamagama aphakathi kwangama-60 kuya kwangama-70:

Ziningi izindlela esezike zazanywa zokulwa nokubhebhetheka kwegciwane lengculazi selokhu kwahlasela lolu bhubhane oselwedlule nezigidi zemiphefumulo emhlabeni jikelele. Uma kuhlushekiwe kuzanywa noma yini evelayo okucatshangelwa ukuthi ingasiza. Sengathi akukho okusaphumelele ukuyibamba le nkiyankiya isintu esibhekene nayo mhlaba wonke jikelele.

Nakuba ukusoka kukhona okuncane okungabonakala okuwumehluko kodwa akulona iqiniso ukuthi osokile asimngeni lesi sifo. Okumqoka kakhulu ekunqandeni lolu bhubhane, kusekuziphatheni komuntu nomuntu. Leli gciwane alizingeneli nje kumuntu kodwa kubakhona ukucabanga kuqala ukuthi isenzo esithile ngiyasenza futhi lokhu kwenzeka kubantu ababili. Ucansi olungaphephile olufaka abantu abaningi otakwini.

Eyocansi olungaphephile kwabancane ayikhulunywa ngisho ukukhulunywa ngoba bona akuphephile kwakhona ukuya ocansini ngaphambi kokuba bangene emshadweni. Ngisho nohlelo lukahulumeni lubeka phambili ukuzithiba kuze ukwethembeka kugcine ukuzivikela ngejazi. Phela uma usungene emshadweni uphepha kakhulu ngoba usuke usubhekene nomuntu oyedwa. Lesi simo senza ukuba yilowo nalowo azinakekele. Phela usuke esaba ukuthi umunwe ungakhombi ngakuye uma kwenzeka okwenzekayo.

Sekunesikhathi saqala lesi sifo ukuthatha abantu kodwa esingakabangeni ungathi bathi uyadela wean osulapho. Akekho ongazi ukuthi uma sesike sakungena usuke usuthathe ithikithi eliya phambili kuphela. Kufanele siqaphele futhi ukuthi isifo esifana nezinye kuphela nje sehluke ngalokhu osekushiwo. Kukhona-ke abathi lesi sifo akusona esiphambili ekuthatheni abantu. Esinye isifo esibuye sithathe inkomishi yileso esibizwa ngesifo sikashukela. Izifo ezintsha lezi. Isifo sikashukela sasivikwa ngomuthi obizwa ngokuthi intshungu, eyayifakwa ekudleni ngabadala. Kungcono ukuvikela kunokwelapha. Wawungeke uzwe umuntu ekhala ngoshukela. Namuhla abantu sebadliswa amaphilisi, abanye bayazijova malanga onke.

Sisaqala isifo sengculazi kwakuba yihlazo ukutholakala ukuthi unaso. Nokho ngokuhamba kwesikhathi sekubonakele ukuthi alikho ihlazo ngoba siyefana nezinye izifo. Ukusithatha njengehlazo kudala ukuba umuntu afihle ukuthi unaso. Lokhu kusandisa kalula lesi sifo uma sifihliwe. Ukuvela kuyamsiza lowo esesimngenile, ngoba uthola ukunakekelwa. Nabantu ohlala nabo bayasizakala uma sebazi ukuthi usunaso. Phela ukudla kuneqhaza elikhulu okulibambayo ekusizeni lowo ogulayo. Uma uthola ukudla okufanele, okunomsoco bayakuphikela abantu ukuthi uyagula.

Ngabe kuyoba kuphi kube kuphi ukuba kutholakale ikhambi lokwelapha lolu bhubhhane, abanye abalubiza ngomashayabhuqe. Oyothola ikhambi kuyofanela ukuba axoshiswe ngendlela engakaze ibonwe.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Funda lesi sigatshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

> Inkosikazi yakhala yazithulisa ibona izitshalo zayo zibhuqwabhuqwa izintothoviyane eziningi, kwasala komile ensimini. Yewuka ngokhalo njalo iphikelele enduneni yesigodi iyocela usizo lwezinkabi ukuze iqale phansi ilime kabusha. Ukusinda indlu yayo yabona kungcono igcine ngakho uma isibuya enduneni. Yazama ukucela okuyizingane zakwamakhelwane ukuba zisale ziyiphonsela iso ekhaya kepha zala zaphetha. Yathi ngaphakathi, "Wo hhe! Sazalwa nabanye, siyofa nabanye impela." Endleleni yabona imfene izitanasela nje okhalweni emini kwabha. Yabaleka yacishe yazephula.

3.1 Nikeza igama elilodwa esikhundleni sebinzana 'izintothoviyane eziningi' ngendlela elisebenze ngayo endabeni. (1)

3.2 Shono igama elimqondophika nelithi 'yewuka**'** ngendlela elisebenze ngayo endabeni. (1)

3.3 Ngokuguqula iphimbo, igama elithi 'ukusinda' lingaba nomqondo owehlukile kulona elisebenze ngawo endabeni. Sebenzisa leli gama emshweni ukuze kuvele le ncazelo eyahlukile. (2)

3.4 Shono igama elimqondofana nelithi **'**imfene**'** ngendlela elisebenze ngayo endabeni. (1)

3.5 Egameni 'sazalwa**'**, susa umsindo odwetshelwe, esikhundleni sawo ufake undebembili ongumbibithwa ukuze kwakheke igama elisha. Lisebenzise emshweni leli gama ukuze kucace incazelo yalo. (2)

3.5 Umsindo odwetshelwe egameni elithi 'okhalweni', uvele ngenguquko yomsindo ethile.

3.6.1 Iyiphi le nguquko yomsindo? (1)

3.6.2 Le nguquko yenzeke ngenhloso yokuba leli gama libe namuphi umqondo omusha? (1)
**[9]**

**UMBUZO 4**

Funda lesi sigatshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ikilabhu yimbe yangaphandle kwaleli ifike yazinqobela kalula kompetha bakuleli banyakenye. Kugqame bha ukuthi kusekuningi okumele kwenziwe ekuthuthukiseni ibhola emakilabhni aseNingizimu-Afrika uma sifuna ukuphumelela ngonyaka wezi-2010. Azihambanga kahle izinhlelo zekomidi elikhethelwe ukuthuthukisa ibhola. Into ehluphayo nje ukuthi lisuke lingaphumeli obala, lifune ukusebenza buthule. Kusahamba kahle kakhulu eqenjini leBafana Bafana kulezi zinsuku. Bese sikhathele yibo bedlalana nebhola elingenamiphumela emihle. Ithishelakazi laseThekwini nalo alizibekile phansi ebholeni labesifazane. Liwakhuthaza ngokuthi nje, "Sebenza ngane yami ukuze uphumelele."

4.1 Shono ukuthi la magama atholakala endabeni enza msebenzi muni emishweni:

4.1.1 yimbe (1)
4.1.2 bha (1)
4.1.3 kusekuningi (1)
4.1.4 uma (1)

4.2 Shono ukuthi lezi zakhi ezidwetshelwe zilethe mqondo muni kula magama ezitholakala kuwo endabeni:

4.2.1 azihambanga (1)

4.2.2 buthule (1)

4.2.3 ehluphayo (1)

4.2.4 ithishelakazi (1)

4.2.5 kusahamba (1)

4.2.6 bedlalana (1)

4.3 Ukungaqalisi ngesivumelwano senhloko esilandisweni 'sebenza' emshweni othi *"Sebenza ngane yami ukuze uphumelele"* kulethe muphi umqondo? (1)
**[11]**

**UMBUZO 5**

5.1 Hlahlela lo musho omagatsha ukhiphe izingxenye ezikhonjiswe ngezansi:

*Izingane ezizimiselayo ngezifundo zazo ziyophumelela ngamalengiso mhla sekubhalwa izivivinyo zokuphela konyaka.*

5.1.1 umusho omkhulu. (1)

5.1.2 umshwana okhonzile ochazayo. (1)

5.1.3 umshwana okhonzile okhanyisa isilandiso ngokwenkathi. (1)

5.2 Funda lesi sigatshana sendaba bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ngane yakwethu! Ngaze ngajabula ukukubona. Kusize khona ukuthi nje namhlanje phela wusuku lomkhosi kaDiwali. Awuthintwa-ke umsebenzi lapha kwethu ngalolu suku. Sonke kuye kuthiwe asiphumule, sigubhe lolu suku.

5.2.1 Ibinzana elithi 'Ngane yakwethu' endabeni liqukethe muphi umuzwa? Khetha kulena: *owothando, owokuzwela, owokudabuka.* (1)

5.2.2 Tomula amazwi noma ibinzana elinomqondo wokuchema ngokwenkolo ethile kulesi siqeshana sendaba. Shono ukuthi la mazwi acheme nenkolo yasiphi isizwe? (2)

5.3 Fundisisa lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo ezolandela:

5.3.1 Sizathu sini esenze la magama namabinzana athi 'i-AIRTIME, NEKHADI LIKAGESI, i-PROFIT ENINGI' kwabhalwa ngofeleba nangamagama ayifonti enkulu kunamanye? (2)

5.3.2 Lungisa iphutha eliphathelene nobhalomagama egameni elithi '<u>kulomshini</u>' elitholakala kulesi sikhangiso. (1)

5.3.3 Bhala ibinzana elithi 'i-PROFIT ENINGI' ngesiZulu sangempela. (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**